# UTito Mboweni wayebaluleke kakhulu ekuzinzeni komnotho omkhulu we-SA

**Tshwane, 13 kuMfumfu 2024 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) luhlonipha uMnu. Tito Mboweni ongasekho owasiza ekuzinziseni isimo sethu somnotho omkhulu ezindimeni ezisemqoka azidlalile njengoMphathi weBhange Lombuso kanye noNgqongqoshe Wezezimali, esebenza ngokubambisana nabakwa-SARS njengengxenye yomndeni wezezimali obanzi.

Iminyaka eyishumi kusukela ngo-1999 kuya ku-2009, ubenguMphathi weBhange Lombuso, iminyaka eyishumi eyaqondana neminyaka eyi-10 uMnu. Pravin Gordhan ongasekho ayisebenza njengoKhomishana wakwaSARS. Yile minyaka eyishumi yozinzo ebuholini, kanye noMnu. Trevor Manuel owayenguNgqongqoshe wezeziMali ngaleso sikhathi, okwasiza u-SARS ekubekeni kabusha amasu kanye nokwenza ngcono isimo njengenhlangano esezingeni lomhlaba eqoqa imali.

Awukho omunye umkhakha kahulumeni obenozinzo ebuholini isikhathi eside kangaka, obekubalulekile ekwakheni intando yeningi yethu nokuqinisa izikhungo ezifana no-SARS kanye neBhange loMbuso

UKhomishana wakwa-SARS, u-Edward Kieswetter, uhloniphe uMnu. Mboweni njengengxenye yesizukulwane sabaholi abasebasha ababebeka eqhulwini ukulwa nobandlululo ngesikhathi kubonakala kungenakwenzeka ukunqoba umbuso wedlanzana.

"UMnu. UMboweni uzinikele ngokuzithandela ukuze afeze umgomo wethu wenkululeko ngendlela engacwasi ngokobuhlanga, ngobulili nangentando yeningi. Isizukulwane sakhe sasaziwa njengama "young lions" ngenxa yesibindi nokuzidela kwabo. Ngalokho, u-SARS umethulela isigqoko ngokulwa nokubusa kwedlanzana nokwakha intando yeningi yethu. Ubuholi bakhe njengoNgqongqoshe wezeziMali bufike ngesikhathi esibaluleke kakhulu emlandweni wakwa-SARS ngemuva kokuba ehlukunyezwe ngamabomu nangendlela ehlelekile ekubuseni kwawo ngenhloso yokufezekisa izinhloso zenkohlakalo. KwakunguNgqongqoshe uMboweni ongasekho owenza njengokwezincomo zeKomidi elaphakamisa ukuba uMongameli aqoke mina njengoKhomishana wakwa-SARS.

Kusukela kuNhlaba 2019, ngibe nentokozo yokusebenza noTito Mboweni, njengoba sasiqala uhambo lokwakha kabusha u-SARS, ngemva kwesikhathi lapho umbuso wawuqhwagwe khona amandla. Ngaphambi kokhetho lwakamuva, uTito ungishayele ucingo engikhuthaza ukuthi ngiqhubeke nomsebenzi esiwenzayo kwa-SARS, egcizelela ukuthi kubaluleke kangakanani ukuthi singapheli amandla ekuqiniseni intando yethu yeningi. Ubengantengantengi emzamweni wakhe wokusiza hhayi nje kuphela imizamo yokwakha kabusha kodwa nokuqinisekisa ukuthi abakwa-SARS baphinde bathola ukuziqhenya ngendawo abakuyo emphakathini wethu. Ukweluleka kwakhe ngobuhlakani kanye nokweseka ngokungaguquki kwa-SARS ukuze ufeze umsebenzi wayo wokuqoqa konke okufanele kukaHulumeni sizokukhumbula. Kuza maduzane nje ngemuva kokudlula emhlabeni kukaMnu. Gordhan lokhu kufa

okungazelelwe kusiphuca siwu-SARS kanye nomphakathi wonke waseNingizimu Afrika umshisekeli wezwe, umuntu ongenakucindezelwa kanye nomuntu ohlakaniphe kakhulu.

Hamba kahle Tito, uyidlalile indima yakho, sizoqhubeka nendlela yokuqinisa izinqubomgomo zethu zezimali zikahulumeni kanye namandla okuphatha ukuze kuthuthukiswe bonke abantu baseNingizimu Afrika."

U-SARS ufisa ukudlulisa amazwi enduduzo nokuzwelana nomndeni wonke wakwaMboweni ngokudlula emhlabeni kwalowo owayenguNgqongqoshe wezeziMali.

Hamba Kahle!

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za.